# UMDONI News

The J.E.W.E.L of the South Coast

OFFICIAL NEWSLETTER OF UMDONI MUNICIPALITY

JULY - SEPTEMBER 2024




In celebration of Heritage month, the Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli, commemorated our heritage by spending time with a few little Umdoni citizens who came dressed in traditional regalia proudly representing their different cultures and heritage. The country celebrated Heritage Day on 24 September 2024 to honour our nation's diverse culture and rich heritage under the theme, "Celebrating the lives of our heroes and heroines who laid down their lives for our freedom". The theme pays tribute to the many struggle stalwarts who gave up their lives for our freedom. The Mayor and the little citizens, Yusra Syed, Sifisokuhle Khuzwayo, Azhar Hassan, Jamie Lotter, Kayliegh Govender and Zenande Cele wish the Umdoni community a happy Heritage Month.

# Umdoni working towards full recovery of operations and service delivery



The unfortunate series of events that unfolded recently in the municipality which led to an abrupt disruption of services has been an immense inconvenience to the Umdoni community and therefore it is my obligation as the leader of this municipality, to publicly apologise to the Umdoni residents, business community and our investors for catching stray bullets thus being deprived of your constitutional rights of service delivery.

The period endured was indeed of neglect and discomfort and we earnestly apologise.

I want to assure the community that since resolving issues at hand and municipal gates were once again opened, Council, management and all staff members are committed to ensuring we return to a point of normality in the quickest turnaround time and ensure the communities are adequately serviced.

Our municipality prides itself to an open door policy and we ensured that we remain close to our communities by creating a conducive environment for them to be involved in the affairs of the municipality as mandated by the Local Government Municipal Systems Act 32 of 2000.

One must emphatically mention that it is of paramount importance that service delivery reaches communities' and it must always be at the apex of the municipality's community development priorities.

**CURRENT STATE:**
It is business as usual within the municipality and employees have been working around the clock to ensure backlogs are addressed and communities are serviced diligently. Relations with municipal labour unions are on track and internal bargaining structures have been revived to ensure labour issues are duly dealt with in the correct and legislated platforms.

Furthermore, the municipality is working hand in glove with South African Local Government Association (SALGA) to resolve all labour related issues and ensure seamless continuation of mandated services to the community that we serve.

**RECOVERY PLAN:**
Members of Umdoni community, our efforts continue as the leadership of Umdoni to ensure a steady and impactful service delivery change. Council recently adopted a Service Delivery Recovery Plan which was further endorsed by the Department of Corporative Governance and Traditional Affairs and the Treasury Department. To ensure strict oversight on all operations and service delivery, it has been proposed to Council that this plan becomes a standing item of Council for the next six months in order to monitor its effectiveness and institute consequence management where responsible officials neglect their duties.

This plan will also be monitored by the two departments, gaging the municipality's performance whilst concurrently vigorously addressing issues raised by the community through the memorandum of grievances handed over the Cogta MEC and myself.

I assure the community that we are on the track to recovery and I want to bring you into confidence that moving forward you will witness significant change in the delivery of all services, especially our core mandated services.

Umdoni is our home and we should all take pride in it. Let us solve problems in a constructive and progressive manner and refrain from interfering and disrupting municipal services as these actions are in contravention of the law and an infringement of citizens' rights.

We commit to ensuring that all communities both in the rural and urban precinct of Umdoni are honourably serviced.

**I thank you,**
**Cllr MJ Cele-Luthuli**
**Mayor, Umdoni municipality**

## WHAT'S INSIDE


**PAGE 2** Urban road infrastructure restoration continues

**PAGE 3** Ilungisiwe imigwaqo eyalimala ngezikhukhula

**PAGE 4** Clean town achievement in the pipeline


"By 2030 Umdoni will be the JEWEL of the South Coast"

# Umzinto Sport field becoming a state of the art facility

The vision of transforming Umzinto Sport field into a state of the art facility that will cater for multiple sport codes and be a home ground to the Umdoni community is coming to reality.
The development of this facility is currently undergoing phase 2 of construction which entails various additions and repairs.
The municipal Council approved a budget of R2.5 Million to aid all additions and repairs. The full scope of works includes the construction of a fenced combi court, installation of its equipment, installation of a 344-meter spectator fence, construction of spectator grand stands, installation of 500 m2 sectional paving, installation of 1000m2 additional grassing on sections around the soccer field, installation of 60-meter earth drains, construction of an outdoor chess gaming area and the installation of a jungle gym.
From 19 April 2024, ground work commenced and to date, the upgrades of the combi court, grand stands, jungle gym, installation of the outdoor chess set and repairs to the structural joint are well in progress. Work conducted in totality since the commencement of phase 2 equates to 65% towards completion.
In an effort to keep abreast on the development of infrastructure projects and ensure intervention were required, the Mayor, Cllr Mbali cele-Luthuli together with Cllr Sithandiwe Zulu, recently conducted an impromptu site visit to inspect the work being undertaken. "We were extremely pleased to find the contractor on site, working towards fulfilling his contractual obligations of this project. We are committed to making this sport ground a state of the art facility, where sportsmen and women of Umdoni and beyond the boundaries of our municipality will utilize it to its fullest potential."
The Mayor added that the full functionality of this sport ground is imperative as it will help the local youth to be fully engaged in developing themselves athletically thus positively contributing to government's continuous efforts to combat social ills and build communities that have a youth that is anti-depended on life threatening substances.
Over and above playing overseer on municipal projects in order to ensure achievement of set developmental goals, we have also placed an onus on the council of this municipality to ensure that the intended recipients of community development projects do indeed benefit. "In the case of Umzinto Sport field, this includes the youth, local people through business and employment opportunities amongst others," said the Mayor.
Towards vigorously dealing with the scourge of poverty and unemployment, the municipality remains steadfast towards the utilization of local people in all community projects. In this project, eight (8) people have been employed for skilled and unskilled work, giving temporary financial relief to families living in disadvantaged circumstances.
All additions and repairs of this facility to bring it to a state of completion and be fully functional for the benefit of the Umdoni community are scheduled to be completed by end October 2024.



**Combi Court in progress which will cater for the following sport codes; Tennis, Netball, Volleyball and Basketball.**



**Jungle gym in progress**



# Urban road infrastructure restoration continues

Protection and care of municipal infrastructure is the foundation of our economic development. Unmaintained assets can lead to their degradation, having a negative effect on the economy.

The development of infrastructure brings about good change in our communities. It is for that reason that this municipality has placed community development at the apex of its priorities thus heededing to the call by residents in the urban domains of the municipality to give attention to the urban road network by instituting major rehabilitation work on some roads and repairs and maintenance on others.

The municipality's road and streetlight maintenance budgets have aided the rehabilitation of Hazelwood Road in ward 13 and the recycling of St Patricks Road and Vivienne Road in Ward 11, Lagoon Drive, Cowry Road and Bullock Road in Ward 7.

A stretch of 1.1 kilometers of Hazelwood Road was rehabilitated. The work conducted to ensure that this road is in a satisfactory condition included concrete kerbing and channeling, installation of chutes and downpipes, reconstruction of existing pavement layers, installation of asphalt base and surfacing, installation of road signs and road markings. To date, the overall project progress is at 100%.

The recycling of the roads in wards 7 and 11 was conducted in a period of 6 months at a budget of approximately R15 Million.
Work conducted to extend the lifespan of these roads also includes installation of asphalt base and surfacing, installation of road signs and markings, conducting concrete kerbing and channeling, installation of downpipes and concrete linings and the recycling of existing pavement layers.

The municipality has a Council-approved budget for the 2024/25 fiscal year of approximately R20 Million to aid the rehabilitation and maintenance of urban roads. This budget also includes the rehabilitation of Court Road and Gardner Street in ward 10.

# Luqhubeka uhlelo lokuxhunywa kukagesi eKiss-Kiss naseMbetheni

Ngesabelomali esingu R8.5 Miliyoni, seliyafezeka iphupho lokuxhunyelwa ugesi kwimindeni ehlala kwimizi engama 269 eqokiwe ngumasipala ngokusebenzisana nezakhamuzi ezithintekayo kanye neKhansela lendawo ukuthi amakhaya abo nawo akhanye ugesi ngokusemthethweni.
Emumva kweminyaka eminingi impela, umphakathi wase Kiss-Kiss kanye nowaseMbetheni usuyaxhunyelwa ugesi emumva komsebenzi omkhulu owenziwe umasipala ugqigqa ufaka izicelo zoxhaso lwezimali ukuze le phrojekthi yenzeke futhi ibe impumelelo.
Kwaba njengokwamazwi enkehli mhlazane iMeya, uKhansela Mbali Cele-Luthuli ezogcwalisa incwadi ngesethembiso asenza ngesikhathi sezimbizo zikaMeya sokuthi makuqala unyaka omusha wezimali ka 2024/25, oqale ngenyanga ka Julayi kuwo lonyaka, izakhamuzi zakulezindawo zombili zizohlomula kwi phrojekthi yokuxhunywa kukagesi.
Umasipala wabe sewenza umcimbi wokuphendulwa kwesoyi ngokubambisana nobuholi balemiphakathi, okuwuphawu lokuqaliswa komsebenzi. Lephrojekthi izokwenziwa ngezigaba ezimbili. Ngokohlelo oluphasisiwe, umasipala uzoxhuma ugesi emizini engama 423 isiyonke. Kulonyaka wezimali ka 2024/25, umasipala uzoxhuma imizi engama 269 kuphela bese kuthi ngonyaka wezimali olandelayo ka 2025/26, kuphinde kuxhunywe imizi eyi 154. "Umasipala wafaka isicelo soxhaso lwemali yokusingatha lomsebenzi kuMnyango Wezokumbiwa Namandla (Department of Minerals and Energy) wase ugunyazelwa isabelomali esizokwazi ukuthi kuxhunywe imizi angama 269 kuphela," kusho uMeya.
Uphinde waveza ukuthi umasipala usifakile esinye isicelo futhi kulomnyango sokuthi lesibalo semizi esele nayo ixhunyelwe ugesi ngonyaka wezimali ozayo.
"Siyacela ukuthi lemizi esele ingadikibali kodwa ihlale ethembeni lokuthi nayo izobhekelelwa kungekudala. Siyazibophezela ukuqinisekisa ukuthi wonke umuzi uyayithola intuthuko njengoba kulotshiwe kumqulu wenkululeko."
Umphakathi uyagqugquzelwa ukuthi uma usuxhunyiwe ugesi njengoba umsebenzi uqhubeka, ukuqinisekise ukuthi uyawukhokhela. Imindeni engathathi entweni, kumele ixhumane neKhansela ukuze babhalisele uhlelo lokwesekwa kwabantulayo phecelezi- Indigent Support.
"Siyanxusa ukuthi umphakathi ubambisane kanye nathi ukuqeda izinyokanyoka, uphinde ukuqinisekise ukusebenzisana kahle nosonkontileka neKhansela ukuze lephrojekthi ihambe ngokohlelo, iqedwe ngesikhathi esiqokiwe esiyizinyanga eziyisithupha."
Njengamanje, usungamaphesenti ayishumi amane (40%) umsebenzi osowenziwe. Kubalwa ukufakwa kwezigxobo zikagesi kanye nokufakwa kwezintambo ezihambisa ugesi.
Umdoni usesbenza ngokubambisana nabantu baseMdoni ukuthi kuthuthukiswe imiphakathi yonke.



**Umasipala waphendula isoyi endaweni yase Mbetheni okuwuphawo lokuqalisa uhlelo lokuxhunywa kukagesi.**

# Ilungisiwe imigwaqo eyalimala ngezikhukhula

**Umasipala uphuthumise ukulungiswa kwemigwaqo ezindaweni ezahlukene eyalimala ngesikhathi sezimvula ezinkulu ezazihamba nezikhukhula ezacekela ingqalasizinda eningi. Lemigwaqo eku wadi 4,5,6,8,13,14 kanye no 15 ilungiswa ngesibonelelo sikamasipala esibhekene nokulungisa izinhlekelele (Municipal Disaster Response and Recovery Grant) esingu R9.4 Miliyoni.  Umasipala uqale ukulungisa lemigwaqo ngenyanga ka April kuwo lonyaka ngenhloso yokuthi imiphakathi esebenzisa lemigwaqo nsukuzonke ikwazi ukuhamba endaweni ephephile.**

**WADI 4:**

Ngaphansi kwale wadi, kulungiswe umgwaqo u-Hlongwa Road. Umsebenzi owenziwe kubalwa ukwenziwa kabusha ibanga lomgwaqo elingu 1,6, wamakhilomitha, kwalungiswa indawo yokuhamba ngezinyawo, kwafakwa amapayipi ahambisa amanzi ezimvula ezindaweni eziphansi la kuphambana khona umgwaqo. Kuphinde kwalungiswa izindawo ezinyukelayo (steep) ngokhonkolo kanye nokunye. Lomsebenzi wenziwe ngemali elinganiselwa ku R1.8 Miliyoni. Ukulungiswa kwalomgwaqo sekuqediwe. Ngaphansi kwalomsebenzi, kusunguleke amathuba omsebenzi esikhashana amane, la kuqashwe khona abantu bendawo.





**WADI 5:**

Kube injabulo enkulu kulomphakathi ngenkathi umasipala uqala umsebenzi wokulungisa u-Vukaphi Road. Umasipala wenze kabusha ibanga elingu 1,3 wamakhilomitha ophinde ube amamitha ayisithupha ububanzi. Lomgwaqo uphinde walungiswa indawo yabahamba ngezinyawo. Lomgwaqo uphinde wafakwa amapayipi okuhambisa amanzi, ukulungiswa kwezindawo ezinyukayo (steep)  kanye nokwenziwa  kabusha kwazisefo zamanzi. Bayisithupha abantu bendawo abathole amatoho ngalomsebenzi.





**WADI 6:**

Uyaqhubeka umsebenzi wokulungisa uMphemba Road ngaphansi kwalewadi. Umasipala ulungisa ibanga elingamakhilomitha amane (4) alomgwaqo. Nakuba umsebenzi ungakafiki emaphethelweni, kodwa osewenziwe ulinganiselwa kumaphesenti angama 54. Umsebenzi owenziwayo kulomgwaqo kubalwa ukulungiswa kukapheyvimenti, ukufakwa kwamapayipi ahambisa amanzi angu 600mm, ukulungiswa kwezindawo ezikhuphukayo zifakwe ukhonkolo kanye nokunye.  Lomsebenzi uqhuba kahle kakhulu. Ayishumi amalunga omphakathi ahlomule ngamathuba omsebenzi kulephrojekthi. Kulindeleki ukuthi ifike emaphethelweni le phrojekthi kungekudala nje.





**WADI 8:**

Usufinyelele emaphethelweni umsebenzi wokulungiswa kuka Shange Road ube sesimweni esigculisayo kwabanezimoto nabahamba ngezinyawo abawusebenzisa nsuku zonke. Umasipala ulungise ibanga elingu 55 wamakhilomitha ukuze ube sesimweni esigculisayo. Kufakwe amapayipi okuhambisa amanzi emvula, ukhonkolo wokuthi impilo yalomgwaqo ibe yinde. Umasipala usebenzise isabelomali esingu R1.3 Milioyoni kulomsebenzi. Njengoba umasipala ukugqugquzela ukuqashwa kwabantu bendawo kuyoyonke imisebenzi eyenzekayo emawadini, kuhlomule abantu abangu 12 basendaweni ngamathuba omsebenzi, baphinde bakwazi ukuthola nesipiliyoni salomsebenzi.





**WADI 13:**

Umgwaqo u-Hazelwood Access Road endaweni yase Sanathan uvuselelwe kabusha njengoba bekunomsebenzi oqhubekayo wokuwakha ukuze abahlali bakulendawo bahambe endaweni ephephile. Lendawo ekuyiyona yokuhamba yabantu bakulendawo ifakwe ukhonkolo. Okunye okwenziwe kubalwa ukulungiswa kwengqalasizinda ehambisa amanzi emvula. Miningi eminye imigwaqo ebude buduze nalendayo ehlonziwe ukuthi ifakwe ukhonkolo. Lomsebenzi wenziwe ngesabelomali esingu R300 000. Okunye okujabulise izakhamuzi  ukuqashwa kubantu abayisishiyagalolunye (9) kulomsebenzi.



**WADI 14:**

Umphakathi wase Wadi 14 osebenzisa uMphemba Road usuzohamba emgwaqweni osesimweni esigculisayo nesiphephile njengoba umasipala usuqedile ukulungisa lomgwaqo. Kulungiswe ibanga elingu 33 wamakhilomitha, wafakwa ukhonkolo ezindaweni ezikhuphuka kakhulu ukuze noma ngabe linetha, izimoto nabantu bakwazi ukuhamba kuwona . Okunye okwenziwe kubalwa ukulungiswa kwamapayipi ahambisa amanzi emvula nokunye. Lephrojekthi ikwazile ukuhlomulisa abantu baku lewadi abayishumi-nambili (12) ngamathuba omsebenzi. Ukulungiswa kwalomgwaqo sekuphothuliwe.





**WADI 15:**

The rehabilitation of Bushy Road under this ward has reached a completion stage. A budget of R1.3 Million was allocated for the successful completion of the rehabilitation work. To date, the project is 100% complete. The scope of work included the rehabilitation of 43 km. The road underwent removal of damaged wearing course layer, compaction of the base layer and a 40mm asphalt surface finish.  The works also included the replacement of damaged surface drains and the unclogging of existing culverts. This project was able to create two job opportunities.





# Umasipala usebenzela inhlalonhle yabantu baseMdoni

Uhulumeni wonkana ukubeke eqhulwini ukulwisana nenselelo ebhekene nabantu baseNingizimu Afrika yokuphila impilo yobubha kanye nokungasebenzi. Ingakho uhulumeni uhleze usungula amasu, amacebo kanye nezindlela zokuthi abantu bazenzele imali, bakwazi ukuxosha ikati eziko.
Lomasipala, uyisondeze edezu lenselelo, uyakuqinisekisa ukuthi izinhlelo zikamasipala zonkana ziyakubhekelela ukuthuthukiswa kwabantu bendawo ngokuthi baqasheke la kuvela khona amathuba emisebenzi kanti futhi bayaxhaswa osomabhizinisi bendawo ukuze nabo bakwazi ukusungula amathuba emisebenzi ukuze baqashe abantu bendawo.
Kulamaphrojekthi aqhubekayo njengamanje kamasipala, baningi abantu abahlomulile ngamathuba emisebenzi. Nakuba angawesikhashana, kodwa akwazile ukwenza ushintsho olubonakalayo emindenini eminingi.
Angaphezulu kweKhulu (100) amathuba emisebenzi avelile ngalamaphrojekthi aqhubekayo njengamanje, ekubalwa ukulungiswa kwemigwaqo eyalimala ngesikhathi sezimvula zika 2022, ukukwakhiwa kwenkundla yezemidlalo yaseMzinto, ukwakhiwa kwamahholo omphakathi iMandlalathi kanye neMgangeni kanye nokuxhunywa kukagesi eMbetheni kanye nase Kiss-Kiss. Umasipala uhleze wenza izethembiso kubantu baseMdoni ukulwisana nobubha, ukungasebenzi kanye nokungalingani. 'Limisebenzi evelayo imiphakathini nokuba eminye kweyesikhashana, kodwa iyalenza ushintsho emindenini eminingi. Iphinde ifundise abantu amakhono, abanikeze isipiliyoni ukuze bakwazi ukuphuma bafuna amathuba emisebenzi angcono.
Sizimisele ngokuthuthukisa intsha yethu, abesfazane kanye namadoda ukuze siphile kangcono.
"Ngifisa ukuvuselela onembeza bethu sonke ukuthi silijwayele isiko lokusebenza ngokubambisana futhi sisebenzele ukunqoba ubumpofu, sidale amathuba emisebenzi angapheli ezizukulwaneni ezizayo futhi sithuthukise izimpilo zawo wonke umuntu waseMdoni," kusho uMeya, uKhansela Mbali Cele-Luthuli. Umasipala awumile lapha ngamathuba emisebenzi.
Amakhulu ngamakhulu abantu bendawo okubalwa intsha, abesifazane kanye namadoda bazuzile kakhulu kumathuba emisebenzi ngaphansi kohlelo luka EPWP kuphinde futhi kuthuthukiswe osomabhizinisi bendawo ngoxhaso abaludingayo ukuze amabhizinisi abo adlondlobale, akwazi ukuqasha ukuveza amathuba emisebenzi lakuzohlomula khona abantu baseMdoni.



**The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli proudly receives donation from Silver Jupiter Investments who have partnered with the municipality in the implementation of the recycling project.**

## Clean town achievement in the pipeline

The first step of implementation of the Council approved partnership between Umdoni and Silver Jupiter Investment has taken place with the introduction of recycling project aiming at making Umdoni a clean town.
The municipality in partnership with Silver Jupiter is implementing this recycling project with the view of protecting the environment while simultaneously uplifting communities through job creation.
Furthermore, this programme will also introduce recycling in the rural domains of Umdoni and will strongly contend the issue of waste in various communities of Umdoni.
The accepted a donation of 50 wheelie recycling bins, 200 waste bags and 50 dust masks last week which will have an immense contribution towards making the project implementable and sustainable.
The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli received the equipment on behalf of the municipality and emphasised that having a clean town and residential areas will have a positive impact in the livelihood of the town and its economy. "A clean place attracts visitors and investments which will help us grow and achieve our vision of being the jewel of the South Coast whilst simultaneously achieving the mission of working together in contributing towards job creation, building a sustainable local economy and an eco-friendly environment through recycling," said the Mayor.
The Mayor added that Umdoni Council strives to return Umdoni to a town that is economically viable and that attracts both local and international investments.
She concluded to say she is positive that the recycling project will add desirable qualities to both the urban and rural communities thus transforming Umdoni to a precious town with endless growth opportunities for all.

## Ziwumelile uMdoni amatshitshi eMhlangeni

IZIMBALI zaseMdoni ezingu 340 seziphelele zibe ingxenye yoMkhosi woMhlanga owenzeke mumva nje kwaNongoma.

Njengenjwayelo, umasipala waseMdoni wabamba inkonzo yomkhuleko ngosuku lokuhamba lwezintombi ukuthi zihambe ngokuphepha, zaphinde zathola iziyalo zokuthi zifike phambili ziphakamise igama loMdoni ziziqhenye ngobuntombi bazo.

UMeya, uKhansela Mbali Cele-Luthuli uveze ukubaluleka kosiko lokuhlolwa kwezintombi.

Uthi, usiko lokuhlolwa kwezintombi lufundisa izimbali ngokuziphatha ngendlela efanele, ukubakha kanye nokubavikela. "Lolusiko liwusiko olunikeza imfundiso yokuziphatha, ukubaluleka kobuntombi kanye nokuvimbela ukuzala kwamantombazane esemancane."

Uphinde waveza ukuthi umasipala oyohleze ulweseka uhlelo lwamatshitshi aba engxenye yoMkhosi woMhlanga ngoba lokhu kutshengisa ukuthi baziphethe kahle kanti futhi baphila impilo enehloso nefuna ikusasa eliqhakazile.



**Ezinye zezintombi ezazingu 340 ezaziya eMhlangeni**



**Amatshitshi aziqhenyawo ngobusulwa awo.**



**UKhansela Sayinile Mzelemu ume nezintombi ezihlobile uSphelele Mzelemu kanye no Aphiwe Mzobe**



**Amakhansela u-Sithandiwe Zulu kanye no Nokulunga Dlamini bame namatshitshi ase Wade 18 ngaphambi kohambo lwawo lwaseMhlangeni.**

**This newsletter has been produced by the Umdoni Municipality Communications Unit.**

Feedback can be emailed to: customerservice@umdoni.gov.za
Physical Address: Cnr Bram Fischer & Williamson Street, Scottburgh 4180
Postal Address: PO Box 19Scottburgh 4180

Umdoni Municipality News
www.umdoni.gov.za
Umdoni Municipality
Umdoni Municipality

## Municipality brings streetlights to life

Continuous work is being undertaken by the municipality to ensure that streetlights are functioning at an optimal level for the safety of residents.

The streetlight maintenance programme has been implemented in line with the assessment conducted. Wards undergoing streetlight maintenance include wards 7, 10, 11, 12, 13 and 15. To date, streetlight maintenance sits at an 86.6% completion rate.



**"By 2030 Umdoni will be the JEWEL of the South Coast"**